



MKHONDO
LOCAL MUNICIPALITY

+27 17 004 0197 33 Mark & De Wet Streets, eMkhondo PO Box 23 eMkhondo 2380 www.mkhondo.gov.za
@MkhondoMunicip1 Mkhondo Local Municipality @Mkhondo_Mun info@mkhondo.gov.za

OFFICE OF THE MUNICIPAL MANAGER

Enquiries: TR Kubheka

Ext: 0250

MEDIA STATEMENT

28 JULY 2026

ATTENTION: ALL MEDIA HOUSES AND MKHONDO RESIDENTS

UKUPHAZAMISEKA KOKUPHAKELWA KOGESI EMKHONDO

UMasipala waseMkhondo uthanda ukukwazisa abahlali baseMkhondo mayelana nokuphazamiseka kokuphakelwa kukagesi okwenzeke kusukela ngoMgqibelo, mhlaka 25 kuNtulikazi 2026.

Ngemuva kokuhlolwa kabanzi kwesiphehli sogesi okuhlanganyelwe phakathi kukaMasipala, no-Eskom, kubese kutholakala ukuthi isiphehli sogesi esiqukethe i- 20 MVA sisebenza kuphela ngo-50% wamandla aso. Ngakhoke, ukuvikela lesiphehli sogesi (transformer) ukuba singaqhubeki nokulimala uMasipala uzoqhubeka nokusebenzisa lenxenywe engu 50% kuze kube yilapho isiphehli esilungisiwe sesilungele ukusebenza.

UMasipala uthanda ukuqinisekisa lokhu okulandelayo:

- Isiphehli sogesi esisanda kulungiswa sesikhona futhi sesixhunyiwe.
- Iphaneli yokuvikela nokulawula ugesi isezindleleni kulindeleke ukuthi ifike namhlanje ebusuku.
- Uma siyefikile lephaneli izoxhunywa, ihlolwe bese kuyaqinisekiswa ukusebenza kwayo.

Uma konke lokhu okubalwe ngenhla kwenzeke ngempumelelo kulindeleke ukuba lesiphehli esibuya ukuyolungiswa sisebenze ngokugcwele(20 MVA) ngo Mgqibelo mhlaka 1 kuNcwaba 2026. Okwesikhashana, bahlali balindeleke ukuba labandele uhlelo lwesikhashana lokuphakela ugesi olwenziwe uMasipala.

Lezi zinyathelo zibalulekile ukuze kuqinisekise ukuthi I network kagesi ihlala izinzile. UMasipala uyaqhubeka nokuzibophezela ekulungiseni iziqinamba zikagesi nokuqinisekisa ukuba isiphehli sisebenza ngokugcwele.

ISITATIMENDE SIKHISHWE YIHHOVISI LEZOKUXHUMANA KUMASIPALA WASE MKHONDO